35/item 9/1-36 (BB) 1

4.8.08

Impi.

Narrative taken verbatim from Socwatsha ka Papu (Ngcobo)

Um' inkosi i zo hlatsela, ku menyezw' impi, kutiwe "Kaz' hlome!" A menyeze i ze ntabeni, ati Uti kaz' hlome! Se be zw' abantu, se bew' ezihlangwini zabo. Uma o memezayo eti "i yo pelela kusasa impi", ba la ke se be zo ñamake ba gaz' amagwazi. Kodwa lab' abakulu, abapet' umfula, izinduna' ezinkulu, ba tshelw' amakaz' abo. Ku fik' amanxusa a z' oba tshel' ukuti inkosi iti hlomisan' impi, ize ipelele nge langa lokuti. Abanye ke bay' enyangeni ye nkosi e cel' impi nge ntelezi. Abamenyezw' entabeni, ngoba so kutumel' abanumzana abatshelw' amakaza, ibona okutiwa aba hlome. Iziya hloma ke impi. Se zi fika izinduna zi yi bik' enkosini. Zi yi bika njalo

zi fika nayo. Zi fika ngezi rotsha, ngemifula ngemifula. Ilowo mfula, ufika ngo kwawo, ilowo mfula njalo ufika ngo kwawo. Ba fika be tuba. Ba fika ba giye. Ba kuleka l'impi. Ba ti "Impi inkosi?" I bi siti "Ngati ngati! ngati! nengan'zincane izwe ukuti wau! impi impela! Inkosi isid'i nqum'izinkomo i ba hlabisa. Isi buz'ezindunen'zi-nkulu iti "impi isipelele na? Se beti ipelele, nkosi" Useti ayi ngamuke ngamabut'ayo. Isi ngamuka ngamabuto ayo. Inyanga ke isi gxob'izintelezi. Isi ba cela. So. ku hlatshwa inkomo, inkunzi yokuqala ngokwambiso'impi. I nga hlatshwa ngomkonto. I banjwe ya palwe ngamandhla. Isi bengw' imbengo, zinide. Isi zuqwa nge mitika. Isi yosiwa. Amabuto a

seza ngezigaba zawo, kon'ezibazeni se nkosi, se kude ku tatw'umbengo. U su ponswa pakati kwe viyo. So kuba ilapo njalo, so ku ponsw'umbengo, ku won'onk'amaviyo. Ku ponswa njalo u se wenga k'omunye, u se luma kanye, isi latwa omunye. U luma njalo, kazi gwinyi. U yi ti hlafu kanye nga mazinyo, a beze yi fela, a nga yi gwinyi. Kube ukungqaka ngqaka yonk'indawo, onk'amaviyo. Ngob'nganol'ukuzi bamba ngi lume, ngi yi ponse komunye. Izi ziba qede bonke. Imbengo mininingi. Sokusa kusasa beya uhlanza, ba palaze nge ntelezi.

Sokuse futi bayopalaza emfuleni. Inyama ibalanga linge. Ukupalaza kuba nsuku zininingi. Kutiwa be susw'amacansi nge ntelezi le,

ngoba abanye ba ganiwe. Nofnga ganiwe ugonyiwe intonsbi.

U se zoyi linganisa, a yi bute, ngapakati ekaz' esibayeni:- "Ati Xoxan' impi, i xoxeni." ni qomane. Salake ixoxiwe. Ba qomane.

Ukuqomana ukuti "Ngi qoma wena bani. Njengami nje, ngi nga m qom' u Qalizwe lo. Ukuti mhla si fika kubafo, Qalizwe ngi ya kuwahlula ngempi. Abe se zuk' u Qalizw' e gija (or gwija). Eseti "Sicwatsha, u ya ngahlula ngempi na? - mhla si fika kubafo, mina ngi ya kuwahlula. Eseti Sekasicwatsha lok' uti u yo kungahlula ngempi, ngi bek' umuzi ka baba wa kwetu. Uyaku wa tata wonke, ube owako. Be se ngiti mina, Utini? Ut' impi ngi nga yi xoxa nawe? Mina ngi

quisile Qalizwe ngi yokwahlukela mina-
inhla, si fika ku bafo. Kuti mna ngi
nga naw'umuzi, kanti ku kona aba-
nenwetu engi belamayo kwent'
endhlini, be se ngi bek'isidumbu
sami. Ngiti um'ungahlulile ngempi
u yo tata mina, ngi be umfokazana
wako, ngi be imvali, e val'isango
lomuzi wako. Se se ngi suka, se
ngi giya nami.

Bonk'abantu kube ngalo, ba
gomane kube nje! Oyi nkosana,
a'bek'umuzi ka yise. Dikohlo
a bek'uhlangoti ~~nga kwabo~~ lwo muzi ka
yise nga kwabo. Onge na muzi, a
bek'isidumbu sake.

Kutiw'impi ipelele mañje-ke, so
kutsh'izinduna. Isipakiva ke,
igal'ukutshaz'umkumbi. Umkumbi
waka wenze nje ( ). Utshiz'isangu

+ i.e. umnikazizwe noma induna noma inkosi

zilinganene lapa ku hlangana izimpondo zombili.+ Uzeti nansi' impi, ngi ya ni nika yona. Uti, ngi yokangi zweke, ma bandhl'inkosi! Nanso pel'intando, nani kade niti ni yaliwa inkosi. Initandile pel'inkosi namu-hla. Nansi imiz' imkulu, Ngob' iqawe li nga hlabana lakulew' umuz' omkulu. Niti ni ngahlulewa ubani na? (a bezwe nge gama okuyiwa kuyona) Ngoka ngezwe ke, ma-bandhl'inkosi. Ese bonga nga-makosi akubo a safa, amadhlozi. Ngoka ngiwe mabandhl' inkosi oti wali, oli wali — wadhl' ubani (se se mutsho ngezibongo) — (amakos' obanye kad' elwa nguma)
Akusa giyiwa ke lapo, kade be giya be saya xoxa. So ku kon' izalukazi za kona, ezi nga pa zali. Okuti

lapa kubongwa, zi pet' umtshanelo, lap' zeji tetayo impi.

Useti "umkumbi o ~~w~~ wu "botsho-zwe lapa, ezikoweni, lapa kahlangana kona izibayi' ezikulu zo zibili, ne si bayi' esikulu so hlangoti; ne si bayi' esikulu se sibayi' esikulu ngoba kunga kwesikulu nga kwesokuponsa, ngaku lo mkono wo bunxele kunga sohlangotini. Uhlangoti a^pela^ ikohlo.

Izifubeni

pela?

Useti akwenziwe isango, lapa ku hlangana kona izibayi' ezikulu zo zibili. U se yo qal' ezimpondweni ufik' aqale opondweni kwa so hlangotini lobu nxele, useyi sus' impela, useyi paka. Useti "Aku suk' ukuti! ise suka lawo mabiyo, eti huu. Ati Ngoka ngiqwe ke mabandhl' enkosi. Nans'

impi ngi ya ni nika yona. Se beti "Ka'pa'ca esangweni, sebebuya, be eyo gudhlulez' inkosi, beti "Impi! inkosi, si kulekel' impi." Se be tatela ke, se beyo puma nge sango. Se beti "Ngati! ngati! ngati! U se buy' e yo hlepula futi ngas' ohlangotini. (Ngoba la ba abasacke kugala, ikala) Kunjalo-njalo, ba namanagama zonk' izigaba. Use buya futi, u seti "akusuk' ukuti" Nako se ku suka kwenz' enjalo. Use buya futi ati "a ku suk' ukuti", nako futi so ku suka kwenzenjalo. So kuze ku fike esibayeni esikulu so hlangoti. Isatule yonk' enga kwe soku ponsa, no pondo kwayo — Ikona lapo 'eyi sus' upondo kwe isibay' esikulu. Se lu landela isibay' e

esikulu so hlangoti: ~~Isi~~ Useyi sus' njalo ngezigaba zayo, kuti nuu (Izinyawo zabo, iziqqi, zidume pansi, umunt' abone ukuti "ye nika, noma engazi boni ezwe ngezindhlebe ngitsh' osendhlini.) Ngoba pelá ba ya gijima. Inkosi yanel' ukutsho nje ukuti "Akusuk' ukuti — njen' eNgobamakosi nje, aku suká iNgobamakosi." Se beny' isaga sabo—ke, beti "Hoho! mbani we zulu! Hoho! mbungela!" ba tatene ngezinyawo njálo, ba ya gijima. Se be gcina nge lo kuti, "Impi, nkosi, Ngati! ngati! ngati, ngati!" Abanye bayi jamel' inkosi, kon' edize kwaye. Bati, "nkosi u yo kuzwa, naewe, lapa ku yo bambatina!"

So koze ku pel' isibayi' esikulu

~~ku~~ so ku gcina ngci, ugcinalitshone ucibigoje, wa makos'onke. Akuko

Noted in Bryant. Dict.

nkos' e nge naye ucibigoje. Nale okuyiwa ku yona, naye inay' ucibigoje. Nay'impi yake uyi pakis'okuwa le. Nabo bayi. xoxwile, ya qomana. Nay'icelewe ngezintelezi izinganga zake.

Se ku ngqunqw' izinkomo, ezigutshwa -yo. Kutiwa zi yaudhl'ezinye. Lezo nkomo ke noko bezihlaba, bedhla, ezindhlelleni, ku sazapambili, a zi gedwa. Igama lazo kutiwa ugibigolo; zoza zi buye. Ku qa-tshelw' ezipambili uba bafike badhle zona pambili. Uba boze babuye zi ngapelile. A zi loko-twa, zi hlatshwa zonke, lez'eza pum'ekaya. Kwatiwa "izona ze zi yaudhl' ezinye. za ba fo, ama-

-nkengana.

Na labayana, okuyjiwa kubona, ba ba biza ngo kuti "amankengana", "izita", ngo ba nabo batsho njalo, imihlati yombili-

35/item 9/11-23.

5.8.08.

Nabo futi ba qub' ezeng' izinkomo e zi njengalezo.

Kanti lempi epakwazo, i hlasela, i ya ku le nkosi njè, le nkosi kanti a yi y'azi. I ya zuina. It' a si bo fice be ngazi, be ngazi luto. Ba yetuka: se si qamuka njè. Se si bamb' inkosi yakona, se si yi nguma, se sidhl' izinkomo. Ngoba, nempi yake, kon' itukutela, i na mandhla, izo dumala, it'i sizwa, sokutiwa "abafo se be yi ngumil' inkosi yetu"; i si jaba, i si dumala. Ngob' impi, ya banti abamngama a yi tshelani, ukuti